# Ukwahlukaniswa koMoya

Baba wethu waseZulwini, ngifuna ukuzwakalisa, uma ngingaphumelela, kulokhu ukusa, ukuthi enhliziyweni yami ngizwa kanjani ngakulowo Oyedwa, oNgcwelengcwele wokuNgcwele, ehlela emhlabeni, nokuhlenga isoni esinjengami uqobo. Futhi nginesiqiniseko ukuthi lababefundisi okhona manje, bangezwa ngendlela efanayo, ukuthi kwaba ngomusa waKho ukuthi senziwe abefundisi balesisivumelwano, Osinikezile nesizwe esiwileyo sika-Adamu. Futhi silapha kulokhu ukusa, Baba, sibuthene ingekho enye inhloso kodwa ukuba sazi, nokuthi sitadishe ukuba—ukuba sazi, ngiqonde ukusho njalo, intando kaNkulunkulu nokuthi sifanele senzeni ukuba senze uKristu abe nguye ngempela kubantu balesisizukulwane. Sazi ngesiqiniseko ukuthi ngosuku lokwaHlulela, siyolethwa sibhekane ubuso nobuso nalesisizukulwane. Futhi, ngokuba ngabefundisi, siyoba ngabehluleli. Nabantu esikhulume kubo, nesimo abaziphatha ngaso ngaseZwini esibalethela lona, siyonquma ngesiphethelo sabo saPhakade. Ngakho-ke, Nkosi, ngalolosuku siyoba ngumahluleli sibe ngakuso noma simelane nesizukulwane esishumayele kuso.

2 Baba, Nkulunkulu, ngiyanxusa, ngeGama likaJesu, masingasho nelilodwa izwi eliyoba ngelingafanele. Kodwa kwangathi singaba nezinhliziyo eziqotho nezingqondo ezivulekile ukuze semukele izinto engeyaKho, ukuze sikwazi ukuphumela ngaphandle singene emasimini ethu ehlukene omsebenzi, emva kwanamhlanje, futhi—futhi sihlome kangcono ngenxa yokuhlangana kwethu naWe Kulokhu ukusa. Siphe khona, Nkosi. Ungeke yini weza futhi ube yisikhulumi sethu nezindlebe zethu, nolimi lwethu nemicabango yethu na? Makuthi ukuzindla kwenhliziyo yami, imicabango yengqondo yami, konke lokho okuphakathi kwami, naphakathi kwalaba abazalwane bami nodadewethu, kwangathi kungemukeleka ebusweni bakho, Nkosi, ukuze sigcwaliswe kakhulu futhi sishajwe ngoMoya waKho, woBukhona baKho lapha, ukuthi indlwana izoba yi. . .indlwana, engesiso isakhiwo esikhulu kangako esihlezi kuso, kodwa isakhiwo esakhe kuso, sibe ngakho konke yifu leNkazimulo kaNkulunkulu. Singahle sisuke lapha kulokhu ukusa sigcwaliswe kakhulu ngoMoya oNgcwele ukuthi sizophokophela kakhulu kunakuqala empilweni ukuthwala uMlayezo siwuse esizukulwaneni esifayo esiphila kuso. Sizwe, Nkosi, futhi ukhulume nathi ngeZwi laKho, ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho noMsindisi wethu, uJesu Kristu. Amen.

3 Ngifisa ukufunda, kulokhu ukusa, i—ingxenye yomBhalo

otholakala kumaHubo, iHubo 105. Ngifisa ukufunda nje ingxenye. Wena ogcina phansi lezizifundo zomBhalo; ngiyababona abaningi babo; futhi lokhu singabefundisi kanjalonjalo. Kuhle ukufunda iZwi. (Futhi, manje, sikhathi sini ngokwejwayelekile abahamba ngaso, cishe ngeleshumi nambili nqo? Uthini? Ngiyabonga.) AmaHubo 105:

> *O bongani oyiNKOSI: nibize igama lakhe: nizazise phakathi kwabantu izenzo zakhe.*
>
> *Hlabelelani kuye, nimhubele amahubo: nikhulume ngezimangaliso zakhe zonke.*
>
> *Zibongeni egameni lakhe elingcwele: mazithokoze izinhliziyo zabamfuna oyiNKOSI.*
>
> *Funani oyiNKOSI, namandla akhe: nifunisise ubuso bakhe njalo.*
>
> *Khumbulani izimangaliso zakhe azenzileyo; nezibonakaliso zakhe, nezahlulelo zomlomo wakhe;*
>
> *O nina-nzalo ka-Abrahama* izinceku *yakhe, nina-bantwana bakaJakobe abakhethileyo bakhe.*
>
> *Yena uyiNKOSI uNkulunkulu wethu: izahlulelo zakhe zisemhlabeni wonke.*
>
> *Ukhumbule isivumelwano sakhe kuze kube-phakade*, amazwi *ayala ngalo izizukulwane eziyinkulungwane.*
>
> *Avumelana kuso noAbrahama, nesifungo sakhe kuIsaka;*
>
> *Wasiqinisa kuJakobe saba-ngumthetho nakuIsrayeli saba-yisivumelwano esiphakade:*
>
> *Ethi, Ngizakukunika izwe laseKhanani, libe-yisabelo sefa lakho:*
>
> *Lapho babeyingcosana ngomumo; yebo, lapho babeyingcosana, futhi babeyizihambi kulo.*
>
> *Bazulazula ezizweni ngezizwe*, futhi *besuka kulombuso beya kwabanye abantu;*
>
> *Akavumelanga-muntu ukubahlupha: yebo, wajezisa amakhosi ngenxa yabo;*
>
> *Ethi, Ningathinti abagcotshiweyo bami, ningoni abaprofethi bami.*

4 INkosi mayibusise ukufundwa kwamaZwi aYo. NginemiBhalo embalwa ebhalwe yakhishelwa phansi lapha ndawondawo ebengizothathisela kuyo mhlampe ngisaqhubeka.

5 Ngiyamangala, namhlanje, ubani ozoba nguMongameli olandelayo na? Ukhetho luyeza, niyazi. Ubani ozoba nguMongameli ngalesisikhathi esilandelayo na? Ukuba-ke bengazi na? Munye kuphela owaziyo, nalowo nguNkulunkulu. Futhi ukuba-ke uNkulunkulu ubengangembulela ukuthi ubani

ozoba nguMongameli olandelayo, ngase ngima lapha ePhoenix futhi ngenza isibikezelo ukuthi indoda engukuthi-nokuthi izoba nguMongameli olandelayo waseUnited States na? Bese bekubeka lokho emaphepheni kanjalonjalo, futhi ngikushaye emhlolweni ngqo. Bekungaphelela, futhi bekungaba yikho konke engikushilo obekuzofezeka. Kodwa bekuyosiza ngani na? Kusiza ngani, empeleni, uma ngi—uma ngingenza into enjalo na? Amaphepha abengakukhangisa, futhi bekungaphuma mhlawumbe, uma umuntu onjalo ubengenza isibikezelo esinjalo futhi sibe yiqiniso, onke amaphephandaba namaphephabhuku abezo—abezodlula kukho.

6 Kodwa niyazi ukuthi uNkulunkulu akazenzi izinto kanjalo, uNkulunkulu akawasebenziseli ubuwula amandla aKhe neziphiwo zaKhe. Kuzoba, noma ngabe yimuphi uMongameli, kuzoba nguMongameli. Futhi ukwazi manje ukuthi ubani ozoba nguMongameli, bekungeke kusisize nangopeni owodwa. Bekungeke kusisize nangokukodwa okuncu ukwazi ukuthi ubani ozoba nguMongameli. Ngakho, ngakho-ke, uNkulunkulu akazenzi lezozinto kanjalo.

7 Futhi, manje-ke, uma ngenze isibikezelo esinjengaleso, futhi sifezeke, namaphephandaba asiqukatha, nephephabhuku, khona-ke bekuzoba sodumweni *lwami*. Abantu bebezothi, "Bukani ukuthi ungumprofethi omkhulu kangakanani uMfowethu Branham. Wasitshela kudala ngaphambi kokuba kwenzeke ukuthi nje ubani owayezoba nguMongameli." Nalokho bekuzoba sodumweni lwami. Kodwa uNkulunkulu akafuni. . . Akakhathalele ezintweni ezisebenzela odumweni lwami, noma odumweni lwa—lwanoma yimuphi omuny'umuntu. Ukhathalele ekusebenzeni izinto odumweni lwaKhe, into ezozuzisa.

8 NjengoPawulu wathi, "Uma sikhuluma ngezilimi kepha singenaye ohumushayo, kusiza ngani na? Kuphela sizidumisa thina," futhi, lokho kungukuthi, noma "sizakha thina." Lokho kuluhlobo oluphumile emgqeni kuNkulunkulu. UNkulunkulu ufuna ukwakhiwa Yena uqobo. Futhi asifanele ukufuna ukuzakha, kodwa ukwakha uNkulunkulu ngakho konke esikwenzayo.

9 Ngakho ngakho-ke, ngiyakholwa kulokhu ukusa, ukuba bengazi ukuthi bekuzoba ngubani nokuthi ngempela uzokhethwa nini, futhi, o, mangaki amavoti abezoba ngaphezulu ngawo noma ngaphansi, kumbe noma bekungaba yini, bekungeke kusize nangokukodwa okunci ukukuxoxa. Bekuyoba ngcono kakhulu kimi ukuba nje ngizithulele ngakho ukuba bengikwazi. Ngingazami ukukusakaza, ngoba beku—bekungebebikho sizathu kimi ukuba ngikwenze. Isizathu, kuzoba khona, noma kanjani, futhi akusenzeli mehluko omkhulu kangako ukuthi ubani ozoba nguMongameli.

10 Kodwa, uNkulunkulu, uma Esebenzisa iziphiwo zaKhe, Uzisebenzisela udumo lwaKhe uqobo, nodumo lwabantu baKhe, enzela udumo lweBandla laKhe, ukuba kwakheke uMzimba kaKristu, nangodumo loMbuso kaNkulunkulu. Yingakho Enikeza lezizinto eBandleni laKhe, ngani Unabafundisi, umprofethi, abavangeli, abelusi. Bangabokwakhiwa kweBandla nokodumo lukaNkulunkulu. Umprofethi akafanele ukuphuma bese ezixubanisa nezwe bese ezama ukuthatha isiphiwo njengoba kwenza uBalamu, bese enza umonakalo noma—noma imali ngakho, noma into ethize. Uma engumprofethi, ufanele ukwembula uNkulunkulu eBandleni futhi adede ezintweni zezwe. Konke kungokodumo lukaNkulunkulu!

11 Manje sinakho . . . futhi ngicabanga ukuthi kuyinto enhle kithi, njengabefundisi, ukulandela inqubo yethu, uma sibona izinto ezinje ezweni njengoba sizibona namhlanje. Futhi sinenqubo evela kuNkulunkulu, ingukwahlukanisa omoya, ukuvivinya umoya. Ngikholwa ukuthi leso yisifundo esikhulu kakhulu sebandla namhlanje, ngukuvivinya umoya wanoma yini, sibe nokuhlolwa komoya. Angicabangi ukuthi sifanele ukuba sike, noma ikanjani, sike sizame ukwehlulela umuntu ngehlelo abasonta kulo, noma ngeqembu abazihlanganisa nalo, noma beyiMethodisti, iBaptisti, iPesbyterian, iPentecostal, noma—noma ngabe bayini. Asifanele neze sehlulele umuntu ngehlelo asonta kulo. Sifanele njalo simehlulele ngomoya anawo, niyabo, umoya. Noma uyimvula yamuva noma imvula yokuqala noma engaphakathi, imvula yangaphandle, noma akukhomvula, kumbe noma kungaba yini, asifanele neze simehlulele ngalokho, kodwa, ngomoya wakhe. Sifanele sehlukanise umoya. Bhekisisa ukuthi umuntu unani engqondweni, ukuthi unani . . . ukuthi uzama ukuzuzani. Uma umuntu, ngesiphiwo, akunandaba ukuthi isiphiwo sikhulu kangakanani . . .

12 Manje ngifuna ukufinyelelisa lokhu eBandleni kulokhu ukusa, okungukuthi, emahlelweni ehlukene niseyilo iBandla likaNkulunkulu ophilayo, ndawonye. Nalena yinto engifuna ukuyifinyelelisa kini, niyabo, ukuthi ngempela asehlukene. Singamatshe asikwe ngezindlela ezehlukene, konke kuya odumweni lukaNkulunkulu.

13 Manje, kuningi kakhulu osukwini esiphila kulo, okuphathelene ne "ziphiwo." Abantu abaningi kakhulu behlulela abantu ngeziphiwo abanazo. Awu, ngikholwa ukuthi lezizinto ziyiziphiwo. Ngikholwa ukuthi esikubona kwenzeka kuyisiphiwo, futhi ziyiziphiwo ezinikezwe nguNkulunkulu. Kodwa, thina, uma singazisebenzisi ngendlela efanele uNkulunkulu abehlose ukuba zisetshenziswe ngayo, khonake singenza omkhulu umonakalo ngeziphiwo kunoma besingawenza ukuba besingenazo iziphiwo. Ngobunye ubusuku ngenza inkulumo-mbiko epulpiti, ngisho lokhu, ukuthi ngingaqoka ukubona uthando lobuzalwane lukhona phakathi

kwebandla, uma besingenalo nolulodwa udaba lokuphilisa noma yini enye. Niyabo, sifanele sazi ukuthi lezizinto zingezani.

14 Manje, uma umuntu efika futhi enesiphiwo esikhulu, akunandaba noma esonta ehlelweni lethu noma kwelinye ihlelo, ningamehluleli ngokuthi uvela kuliphi ihlelo, ukuthi ugqoka kanjani, kodwa enifuna ukukubona yilokho azama ukukwenza ngalesosiphiwo. Ukuthi nhlosoni anayo. Uma ezama ukuthatha ukuthonya kwakhe bese ezakhela igama elikhulu ngakho, ngiyoba nokuhlolwa komoya okwenele ukwazi ukuthi lokho akulungile. Akunandaba ukuthi umfundisi mkhulu kangakanani, ukuthi unamandla kangakanani, ukuthi unenhlakanipho kangakanani, noma ukuthi isiphiwo sakhe sisebenza kanjani, uma engazami ukuzuza okuthize okwenzuzo yoMzimba kaKristu, ukuhlola kwakho uqobo kokomoya kuyokutshela ukuthi lokho akulungile. Akunandaba ukuthi kushaya emhlolweni kanjani, ukuthi kuphelele kanjani, ukuthi kunjani, akulungile uma kungasetshenziselwa uMzimba kaJesu Kristu.

15 Ukuzuza okuthize, mhlawumbe unesiphiwo esikhulu abengadonsa abantu babendawonye ngenkulu inhlakanipho noma amandla kamoya, abengadonsa abantu babendawonye, futhi mhlawumbe uzama ukuthatha lesosiphiwo bese ezenza ukuthi adume ukuze abe negama elikhulu, ukuze kuthi abanye abazalwane bayombuka njengomuntu othize omkhulu. Khona-ke lokho akulungile. Mhlawumbe uzama uku—ukwakha into ethize lapha ukuthi ufuna wonke omuny'umuntu ukuba angagqami bese ededela yena neqembu lakhe ukuba bagqame. Lokho kusalokhu kungalungile, niyabo.

16 Kodwa uma enesiphiwo sikaNkulunkulu futhi ezama ukwakha uMzimba kaKristu, khona-ke angikhathali ukuthi usontaphi. Awuhloli yena umuntu, uhlola umoya, ukuphila okukumuntu. Futhi yilokho uNkulunkulu asitshela ukuba sikwenze. Akukaze nakanye lapho esake sayalwa khona ukuba sihlole i—iqembu lomuntu. Kodwa saphoqelelwa futhi sayalwa nguNkulunkulu ukuba sihlole umoya kumuntu, ukuthi uzama ukwenzani, ukuthi umoya empilweni yakhe uzama ukumholela kuphi. Bese kuthi-ke uma singathola ukuthi uzama ukuhola abantu (hhayi ukubahlakaza, kodwa ukubaqoqela ndawonye) nokuletha iBandla likaNkulunkulu ophilayo, hhayi ukuba bonke baye ehlelweni elilodwa, kodwa ukuba baye ekuqondeni, inhlanganyelo, ubunye bukamoya. Manje-ke uma eyimvula yokuqala noma imvula yamuva, kumbe noma yini, umoya wakhe nenhloso yakhe ikahle. Nomoya okuye, akunandaba ukuthi nhlangano yini asonta kuyo, uMoya okuye uzama ukukhomba abantu eKalvari, basuke kuye uqobo noma basuke kunoma yini enye, kodwa inzuzo yakhe kuphela anayo ngukubakhomba eKalvari. Akakhathali ngisho noma ngabe uyaziwa noma qha. Akakhathali ngisho noma ngabe inhlangano yakhe. . .

okungukuthi kuhle, niyabo, kulungile, uma eyiMethodisti, noma iPresbyterian, noma iRoma eliKatolika, kumbe noma ngabe ufuna ukuba yini ngehlelo.

17 Kodwa uzama ukwenzani, inhloso yenhliziyo yakhe azama ukuyithola na? Khona-ke ungabona ukuthi yini esempilweni yomuntu, noma izinjongo zakhe zingezehlelo lakhe—lakhe, noma ingeyakhe uqobo, noma ingeyezinto zezwe, noma ingeyamagama amakhulu, ukuthi, "Ngakubikezela *lokho*, kufezeka impela nje." Manje, uyabona ukuthi lokho akulungile khona lapho, kwasekuqaleni nje. Kodwa uma ezama ukusebenzisa lokho akunikwe nguNkulunkulu, njengomfundisi, njengomprofethi, njengomboni . . .

18 Umprofethi weTestamente eLisha ungumshumayeli. Sonke siyakwazi lokho. Nje noma yimuphi umfundisi ongumshumayeli ungumprofethi, umprofethi weTestamente eLisha, uma eprofetha, eshumayela, engazami ukuzakha yena ukwenza igama elikhulu, noma ukwakha inhlangano yakhe. Okungukuthi, ufanele abe senhlanganweni. Nakhu ngikhona anginayo, kodwa nokho ngishumayela ukuthi ufanele. Kunjalo. Wonk'umuntu ufanele abe nebandla lasekhaya. Ufanele ube nendawo, hhayi nje uhamba untanta uya emuva naphambili, kodwa ube nayo ndawondawo lapho oya khona ebandleni futhi ulibiza ngebandla lakini, ndawondawo lapho othela khona okweshumi kwakho, futhi ndawondawo lapho osiza khona ukuxhasa uMgomo. Thatha ukukhetha kwakho, kodwa-ke ungalokothi uhlukane nokuba nenhlanganyelo nomunye umuntu ngoba akasuye oweqembu lakini. Niyabo? Hlola umoya wakhe bese ubona ukuthi unayo yini inhloso efanayo enhliziyweni, khona-ke unenhlananyelo omunye nomunye. Nisebenzela uMgomo omkhulu owodwa. Lowo ngumgomo kaKristu. Ngicabanga ukuthi lokho kuyiqiniso ngokoqobo.

19 Manje, uma sizoqaphela izinjongo nezimpokophelo zabaprofethi beTestamente eLidala, lawo indoda ayenempokophelo eyodwa, nalowo kwakunguJesu Kristu. Ayenento eyodwa ukuthi yonke indikimba yawo yeTestamente eLidala eyayakhelwe kuyo, uMesiya ozayo. A—awaphumanga futhi enze izinto ngenxa nje yemali noma ngenxa yodumo. Ayenento eyodwa, ayegcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi abikezela uMesiya ozayo. Nalawo indoda ayegcotshwe kakhulu ngoMoya ngangokuthi ngezinye izikhathi ayenza njengoMoya owawuphakathi kwawo, akhuluma ngokubonakala sengathi ayekhuluma ngawo uqobo. Bhekisisani ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawenza enze kanjani lawo indoda.

20 Sizothatha, isibonelo nje, uMose, umprofethi omkhulu, ukuthi leyondoda yayingenazo kanjani izimpokophelo zokuzazisa nhlobo. Wayengaba yinkosi yaseGibhithe. Wayengaba nezwe phansi kwezinyawo zakhe. Kodwa ngenxa yokuthi wayengumprofethi enhliziyweni, wala ukubizwa

ngendodana yendodakazi kaFaro, kunalokho wakhetha ukuphathwa ngokuhlushwa nezivivinyo zikaKristu, ethi ingcebo yaseZulwini iyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe. Washiya futhi wazidela ngodumo lwezwe, ngokunethezeka ne—nezinto ezinikezwa yimpilo. Wadingeka ukuthi abuke ngaphesheya kwalokho. Niyabo, wa—wayengaba yilokho.

21 Thatha umfundisi nje namhlanje, uma enombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi uyazi ukuthi uma eshumayela leloZwi, lizokwehlisa udumo lwakhe; kuzomfaka ebandleni elincanyana ndawo ndawo, noma mhlawumbe phandle emgwaqeni. Kodwa uyazi ukuthi into ethize enhliziyweni yakhe iyavutha. Uyakubona ukuFika kweNkosi. Akakhathali noma ngabe unebandla elikhulu noma ibandla elincane. Akakhathali noma ngabe unakho ukudla kwanamhlanje noma akanakudla. Akakhathali noma ngabe unezingubo ezinhle noma akanazo izingubo ezinhle. Ucabanga into eyodwa kuphela, futhi lokho yikho impela ukuPhila okuphakathi kwakhe okumemeza kakhulu. Uzama ukuzuza into ethize enzela udumo lukaNkulunkulu, naleyondoda, ekwenzeni kanjalo, iyokwenza khona impela ukuPhila kukaMoya okukuyo. Niyangilandela na? Iyokwenza kubonakale.

22 Bukani uMose lapho esefika esikhathini lapho aveza khona obala, konke ukuphila kwakhe kwakunguMoya kaKristu, ngokuba uKristu wayekuye. UKristu wayekuMose, ngesilinganiso. Manje, uma siqaphela, wazalwa ngesikhathi sokuhlushwa. Abantwana wayebulawa bezama ukumthola, njengoba impela benza kuJesu. Futhi siyathola ukuthi lapho efika endaweni lapho abantwana bakwaIsrayeli babengalalelanga ngangokuthi uNkulunkulu wayebathukuthelele, futhi Wathi kuMose, "Buyela eceleni futhi Ngizolibhubhisa lonke iqembu labo, futhi Ngizothatha kuwe futhi ngivuse esinye isizukulwane."

23 UMose waziphosa yena endleleni yokwahlulela kukaNkulunkulu, wayesethi, "Thatha mina ngaphambi kokuba Uthathe bona." Ngamany'amazwi, "Ngaphambi kokuba ukwazi ukubathola Uzofanele uwelele kimi."

24 Yilokho impela uJesu Kristu akwenza. Lapho uNkulunkulu wayezobe eseqothule bonke ubuso bomhlaba nalezizoni, wena nami, kodwa uKristu waziphosa Yena endleleni. UNkulunkulu wayengenakukwenza, Wayengenakuwelela eNdodaneni yaKhe uqobo.

25 Futhi lapho uNkulunkulu esebone lowoMoya kuMose, ulenga ekwahlulelení njengesiphambano lapho, "Ungeke weza kubo, Uzofanele uthathe mina kuqala," niyawubona uMoya kaNkulunkulu kuMose na? Lapho khona ayengaba yinkosi yaseGibhithe, lapho khona ayengaba nakho konke ukunethezeka ezweni, ukuba athandwe ngabantu, lapho

khona ayengaba yinkosi enkulu yezwe ngalesosikhathi. Kodwa wakhetha ukuphathwa ngokuhlushwa nangokuhlupheka, ngokuba wathi ukuthukwa ngenxa kaKristu kuyingcebo enkulu kunaleyo yaseGibhithe. Niyabo, waziphosa yena endleleni. Ngani na? KwakunguNkulunkulu kuMose owenza lokho. Indoda ecabanga ngokwejwayelekile, enenhlakanipho yayingeke neze ikwenze lokho, yayingathatha indlela elula. Ngakho akunandaba ukuthi uMose wayebukeka ewuhlanya kanjani, wayezama . . . Niyabo, wayengumprofethi kaNkulunkulu weqiniso, ngoba wayezama ukuzuza okuthize enzela uMbuso kaNkulunkulu.

26 Manje, ngesiphiwo sakhe esikhulu sesiprofetho, wayengaba yindoda ehlakaniphileyo, wayengasukuma eGibhithe bese ethi, "Manje ake nilinde, ngizoprofetha ukuthi-nokuthi. Ngizosho ukuthi-nokuthi," futhi nanjengokuprofetha kwakhe. Kodwa yi . . . futhi, o, wayengaba wudomo lwezwe. Kodwa lokho kwakungekho enhliziyweni yakhe. Kwakungeke kube senhliziyweni yakhe.

27 Ngakho uma ubona umuntu enesiphiwo esikhulu, ezama ukwenza into ethize ukuba bazidumise bona, ukuhlola kwakho uqobo komoya kuyakutshela ukuthi lokho akulungile. Kodwa uMose wayezama ukuzuza into ethize enzela udumo lukaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi kwakukubi kanjani; ukuthi kwakubukeka kukubi kanjani, ukuthi kwakukhulunywa ngakho kangakanani, uMoya kuMose wamqondisa ngqo emgqeni womsebenzi. UMoya kuye!

28 Bukani uJosefa, uJosefa wa . . . ngenkathi ezalwa, wayethandwa nguyise futhi ezondwa ngabafowabo, umfanekiso ophelele kaKristu. Futhi okuyiyona kuphela . . . wayengumfowabo wegazi kubona, ubaba munye. Kodwa isizathu sokuba abafowabo bamzonde, ngaphandle kwesizathu, ngoba uNkulunkulu wayemenze umprofethi, owokomoya, umboni. Futhi bamzondela yona leyonhloso impela. Kodwa uJosefa akukho ayengakwenza, ngoba, uNkulunkulu wayemenze ngaleyondlela.

29 Futhi bhekisisani uMoya kaNkulunkulu kuJosefa. Bhekisisani ukuthi wenzani. Wenza ngisho ingxenye kaKristu. Wazondwa ngabafowabo, wathandwa nguyise, ngenxa kaMoya owenza umehluko. Wayengumuntu kamoya. Wabona imibono, wahumusha amaphupho. Akakwenzelanga udumo lwakhe uqobo. Wakwenza ngoba kwakukhona into ethize kuye, uMoya kaNkulunkulu. Wayengeke aphumele lapho ngesingaye, futhi kade ephoswe emgodini, futhi enobaba wakhe omdala ozihluphekelayo ukuba amdumaze yonke leyominyaka, wathengiswa cishe ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu; wakhishwa emgodini, wase eba yindoda eyisandla sokunene sikaFaro, inkosi yomhlaba ngalesosikhathi. Nasetilongweni lakhe kwakukhona

umphathizitsha nombhakizinkwa, nomunye walahlwa nomunye wasindiswa, ngokubikezela kwakhe, etilongweni.

30 Futhi nike naqaphela uJesu ngenkathi Efika, Wayethandwa nguYise. Noyise wanika uJosefa ingubo enemibala eminingi (uthingo lwenkosikazi, isivumelwano). NoBaba, uNkulunkulu, wanika iNdodana yakhe, uJesu, isivumelwano, kwase kuthi-ke umfowabo oyiJuda waMzonda ngaphandle kwesizathu. Wayengenasizathu sokuMzonda, Wayengowomoya, futhi WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Ufikela ukuzokwenza intando kaBaba, Ufikela ukuzogcwalisa umBhalo. Wafikela ukubalethela ukuthula, kodwa abaMqondanga, futhi baMzonda ngaphandle kwesizathu. Abamanga ukuba bazame ukubona ukuthi Wayezama ukuzuzani. Bavele bamehlulela nje ngenxa yokuthi akavumelananga nabo. Benza . . . "Uzenza *ukuthi-nokuthi*. Uzenza uNkulunkulu." WayenguNkulunkulu! UNkulunkulu wayekuYe. IBhayibheli lathi uNkulunkulu wayekuKristu, Ezibonakalisa ezweni. WayenguNkulunkulu weNkazimulo ebonakalisa inkazimulo kaNkulunkulu.

31 Bukani uMose, akukho ayengakwenza ngaphandle kokuthi aziphose lapho. Akakwenzanga lokho ngokuzenzisa. Wakwenza ngoba uNkulunkulu wayekuye. Kanjalo noJosefa akukho ayengakwenza ngaphandle kokuba yilokho ayeyikho, ngoba kwakunguNkulunkulu kuye noma eziveza obala ngomuntu. Akakwenzelanga neze udumo olungolwakhe.

32 Noma yimuphi umuntu o . . . Uma labobapristi kuphela babenokuhlolwa komoya, njengoba ngikhuluma nani kulokhu ukusa. Kungakhathaleki ukuthi izwe lalikhuluma kangakanani ngaYe, noma kunjalo babeyokwazi ukuba babebuke eZwini, ukuba babeyibonile inhloso yaKhe. Wayenza lokho njalo ukuba adumise uBaba. Wathi . . . Bathi, "O, lomuntu ungumphilisi omkhulu, Wenza lezizinto kanjalo."

33 Wathi, "Ngingenze lutho aze uBaba aNgibonise. AkusiMina engenza imisebenzi. NguBaba ohlala kiMi, Wenza umsebenzi." Akazange athathe udumo.

34 Kanjalo akukho-nceku kaNkulunkulu ethatha udumo. Kanjalo akukho-nceku kaNkulunkulu ethatha isiphiwo sikaNkulunkulu bese izama ukuzidumisa yona, kumbe noma yini enye, kodwa inzuzo yakhe efanele ngukwenza okuthize odumweni lukaNkulunkulu. Kungakho nibona into efanayo namhlanje. Sifanele sibe nokuhlolwa komoya, ukubona umuntu lokho abazama ukukwenza. Ngabe bazama ukudumisa uNkulunkulu na? Ngabe bazama ukuzidumisa bona na?

35 Manje uMoya kaNkulunkulu usebenza kumuntu wenza umuntu enze njengoNkulunkulu. Akumangalisi uJesu athi, "Akulotshiwe yini ukuthi, 'ningonkulunkulu'? Futhi uma bababiza ngo'nkulunkulu,' oweza kubo uMoya kaNkulunkulu, ningaNgilahla kanjani, ke, uma

NgiyiNdodana kaNkulunkulu na?" Ukuba naningabona uMoya kaNkulunkulu kuMose, okungukuthi, wayenguNkulunkulu. UMose wayengunkulunkulu. UJosefa wayengunkulunkulu. Abaprofethi babengoNkulunkulu. IBhayibheli lathi babeyibo. Babengonkulunkulu ngoba ku...babezinikele bona uqobo ngokuphelele eMoyeni kaNkulunkulu, ukuthi babesebenzela udumo lukaNkulunkulu.

36 Futhi uma umuntu egcotshwe kakhulu ngoMoya... Manje lokhu makuhambe kujule ngempela phansi kobambo lwesihlanu ngakwesokunxele. Uma umuntu egcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, izinjwayelo zakhe, izenzo zakhe, nakho konke, nguNkulunkulu ehamba kuye. Ngezinye izikhathi wehlulelwa ngokungesikho.

37 Bukani uDavide, eHubweni 23, wakhala, "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na?" kube sengathi wayenguye, uma uDavide wayengumuntu. "Bonke abangedlulayo, bayangiklolodela."

38 Wayegcotshwe kakhulu ngoNkulunkulu, wayezinikele kakhulu ngokuphelele kuNkulunkulu, nogcobo lwalukuye ngangokuthi futhi lapho ekhala ngoMoya kaNkulunkulu, ukuba omuny'umuntu wayekade emi lapho, athi, "Ngani, awubheke, ucabanga ukuthi ukhona umuntu abamklolodelayo. UNkulunkulu umshiyeleni na?"

39 Kwakungesuye uDavide, kwakunguMoya umemeza kakhulu ngoDavide. "Nkulunkulu wami, Nkulunkulu wami, ungishiyeleni na? Amathambo ami onke ayangigqolozela. Babhobozile izandla zami nezinyawo zami."

40 Awu, omunye wathi, "Lalelani lowomzenzisi phezulu lapho. Izandla zikabani esibhobozwayo na? Izinyawo zikabani olubhobozwayo na?" Leyo yinhlakanipho.

41 Kodwa lowo owayenokuhlolwa komoya wayazi ukuthi lowo kwakunguMoya kaNkulunkulu kuye umemeza. Uma umuntu egcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, unomnyakazo kaNkulunkulu, nomnyakazo kaNkulunkulu awusiwo neze owokusihlakaza. Umnyakazo kaNkulunkulu ungowokusisondeza ndawonye ngokuba simunye kuKristu Jesu, nenhloso kaNkulunkulu ingeyokusiqoqela ndawonye. "Thandanani."

42 Manje, lowo auaprofethi abakhulu, sibona uMoya uhamba phakathi kubo, uJesu wababiza ngo "nkulunkulu." Wathi babengonkulunkulu. Manje uma uMoya ufika kubo ngesilinganiso, kodwa uma usufika koYedwa, uJesu, owayeyiNdodana kaNkulunkulu, ufika kuYe ngaphandle kwesilinganiso, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuYe, ngokuba Wayeyisibonelo esiphelele. WayenguNkulunkulu weNkazimulo ebonakalisa inkazimulo kaNkulunkulu kubantu, uNkulunkulu kuYe ehambahamba.

Bhekisisani impilo yaKhe, lonke iTestamente eLidala, Wayeyindikimba yeTestamente eLidala. Bonke abaprofethi abadala emuva eTestamenteni eLidala bamemeza, hhayi ngesingabo, bamemeza phansi kukaMoya kaNkulunkulu, ubenza benze njengoNkulunkulu ngangokuthi babebizwa ngonkulunkulu, kwase kuthi-ke ukugcwala kwalowoMoya kwabonakaliswa kuJesu Kristu.

43 Bukani uDavide ngenkathi ehliswa esihlalweni sobukhosi njengenkosi kaIsrayeli, wanqatshwa ngabantu bakhe uqobo, enyukela eNtabeni yemiNqumo, inyakatho yeJerusalema, futhi wabuka emuva phezu komuzi wase ekhala izinyembezi ngoba wenqatshwa. Kwakuyini na? KwakunguMoya kaKristu.

44 Iminyaka engamakhulu amahlanu kamuva, iNdodana kaDavide, uJesu, wayehlezi entabeni efanayo, ebuka phezu komuzi, njengenkosi enqatshiwe wase ekhala, "Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda ukukubuthela ndawonye (amahlelo ehlukene nakho konke) njengoba kwenza isikhukhukazi ekufukameleni kwaso, kepha anivumi. Kukangaki Ngikwenza!"

45 Manje uMoya ofanayo owawukuDavide, owabonakaliswa ngokugcwele kuKristu, useBandleni namhlanje umemeza kubantu. "Kukangaki Ngithanda ukunibuthela ndawonye!" Futhi uma nibona ukwehlukana ne—nemehluko no—nobuzalwane buhlakazeka nempilo yomKristu, omunye ephikisana nomunye, bese-ke kwenza uMoya kaNkulunkulu enhliziyweni yakho umemeze kakhulu. Uzama ukuzuza okuthize, umprofethi kaNkulunkulu weqiniso, umfundisi weqiniso uzama ukuletha iBandla ebunyeni bukamoya, ubunye bukamoya, ukuze bamqonde uNkulunkulu; ezama ukukuzuza akunandaba ukuthi basonta kuliphi ihlelo noma kuthiwani ngalo. Sinokuhlolwa komoya ukuhlola umoya okumuntu, ukubona ukuthi ngabe nguMoya kaNkulunkulu yini noma akusiwo.

46 Manje, siyaqaphela ngenkathi Eselapha emhlabeni, ukuthi Wayehambahamba kanjani enza okulungileyo. Ngiqaphele eny'into efika engqondweni yami. Nike naqaphela ngenkathi uDavide elahlwa njengenkosi na? Waphuma emzini, nomBenjamini omncane, umBenjamini, owayefanele ukuba ngumfowabo, wayefanele adabuke ngoba walahlwa, kodwa yini. . . Wayengumuntu okhubazekile. Futhi wayehuduleka ngakhona lapho nesimo sakhe esikhubazekile, waphosa inhlabathi kuDavide, futhi embiza ngazozonke izinhlobo zamagama amabi, futhi emthuka ngeGama leNkosi, ethuka iNkosi uDavide ngeGama leNkosi, lomBenjamini okhubazekile omdadlana.

47 Bhekisisani uMoya kaNkulunkulu nomoya kaDeveli usebenza. Manje, uma niqaphela, wayekhubazekile. Kumele

ukukhubazeka kokomoya kwabantu namhlanje abayohlekisa ngoMoya kaNkulunkulu weqiniso kuKristu Uzibonakalisa. Lowo kwakunguMoya kaKristu kuDavide elahliwe njengenkosi. Futhi, namhlanje, uma abantu behlekisa ngabantu omukele uMoya oNgcwele futhi bezama ukuzuza okuthize, ukudonsa iMethodisti namaPentecostal, namaBaptisti namaPentecostal, namaPresbyterian nabo bonke, ndawonye njengobunye, njengoMzimba kaKristu, futhi bayawubona uMoya usebenza, bathi, "Awu, bukani, leyo yiPentecostal. Akahambe! Ngiyamazi omunye wemuka nomunye umkamuntu. Ngiyamazi lona wadakwa. Ngiyamazi lona wenza *lokhu*. Ngiyamazi lona wenza *lokho*." Konke lokho, kodwa bakhulu ngokwenele ukufihla izinto zabo uqobo, bangakufihla. Kodwa uDavide wadalulwa. Ngani na? Wayeno Moya kaKristu kuye.

48 Lowomlindi wathi, "Ngilithathe ikhanda laleyonja ethuka inkosi yami na?"

49 Bhekisisani uMoya kaKristu kuDavide, "Myekeni, ngokuba iNkosi imtshele ukuba angithuke." Niyakubamba lokho na? "Myekeni, iNkosi imtshele ukuba angithuke."

50 Esikhundleni, namhlanje, sifuna ukuphakamisa izibhakela zethu futhi silwe naye, niyabo, simnqume ikhanda, "Yebo, mkhipheni, akasuye owakithi."

51 "Myekeni, iNkosi imtshele ukuba angithuke." Lowo okhubazekileyo omncane egijima ngalapho, ephosa inhlabathi kuDavide.

52 Yilokho abakwenzayo namhlanje eMoyeni kaKristu. "Bayisigejane sabagingqiki abangcwele. Ba—bayisigejane sa *lokhu*. Akukho lutho kubo. Akukho lutho ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. Ayikho into okuthiwa yiziNgelosi. Ayikho into okuthiwa abaprofethi." Zonke lezozinto, "Izinsuku zezimangaliso selwedlula," bephosa inhlabathi. Kodwa bayekeni! Kodwa lapho uDavide esebuyela embusweni, haleluya, lapho esebuya njengenkosi kaIsrayeli egcwele . . . Ungakhathazeki, loJesu, OMoya wakhe sinawo namhlanje, wabamba iqhaza laKhe, uzobuya futhi emzimbeni wenyama, okwesibili, enkazimulweni, emandleni nasebukhosini.

53 Lomphosi wenhlabathi omncane wawa ngobuso bakhe futhi wanxusa isihawu. "Myekeni," uMoya kaKristu phakathi kithi. Ningamxoshi ebandleni. Masikhumbule ukuthi zonke lezizinto zizofanele zifezeke. Sinento eyodwa ukuba siyenze, siqhubekele phambili. UNkulunkulu wethembisa ukuthi Uyokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kulabo abaMthandayo. Asigcine ukuhlolwa komoya, sigcine izimpokophelo zikahle. Silapha ukuzokhonza uNkulunkulu, ngamunye sihlanganyela, sihambisana futhi sikhonza uNkulunkulu. Uma umuntu enohlobo olungalungile lwempokophelo, manje-ke kuzokwenzeka-ni na? Niyabo?

54 Manje, sithola ukuthi uMoya kaNkulunkulu wawukuYe. Bonke abaprofethi abadala bakhuluma ngaYe. Yonke imimoya, engxenyeni, zonke izingxenye ezincane, wayengazidumisi yena uqobo (abaprofethi beqiniso), bonke abaprofethi beqiniso wayebonakalisa Yena, bekhuluma ngaYe. Futhi yonke into abayisho yagcwaliseka kuYe. Kwakhombisa ukuthi kwakunguMoya kaNkulunkulu kubo, kwagcwaliseka. Kwakuyini na? UNkulunkulu ekhuluma ngaYe uqobo. Niyabo? UNkulunkulu Ezibonakalisa ngalababaprofethi.

55 Bengathathi lona udumo, "Ubani ozoba nguMongameli olandelayo na? Futhi ubani ozoba yi *lokhu* na?" Bese bekushaya ekhanda, "Sitshele ukuthi ubani okushayile sizokukholwa." Akusikho lokho. Kuyinto yokubonakalisa uNkulunkulu. Akusiyo into yokwenza uMfowethu Weathers lapha, noma uMfowethu Shores, noma uMfowethu uS'bani-bani phandle lapho, indoda enkulu, nokumenza abemkhulu ukwedlula yonke indoda yeqembu lakhe, imenze abe yindoda enkulu ukwedlula onke ePhoenix. Akusiyo eyokwenza uWilliam Branham abe yinto ethize enkulu. Kodwa eyokwenzani na? Akusiyo eyokwenza uOral Roberts abe yinto ethize enkulu, uBilly Graham into ethize enkulu. Kodwa yizinhliziyo, sizama ukuzuzela uMbuso kaNkulunkulu into ethize. Ibonakalisa uNkulunkulu. Zonke iziphiwo nezinto akwenzi omunye abemkhulu ukwedlula omunye, nje isenza sonke sisebenza ndawonye ukuba kupheleliswe umzimba, ukusiqoqela ndawonye njengomuntu oyedwa, njengabantu bakaNkulunkulu. Kodwa uma ubabona behamba ngokuphambene, ungabathuki; bayeke nje, ukhona ozokwenza. Kodwa lindani uJesu aze afike emandleni.

56 Manje siyababona bonke labobaprofethi bekhuluma. Bonke babedumisa uNkulunkulu nokufika kukaMesiya. Futhi lapho bengena kuMoya, benza futhi bakhuluma futhi baphila impilo njengoba kwenza uMesiya nje. Uma kwenza lokho ohlangothini lwesiphambano, kukhuluma ngokufika kwaKhe, kuyokwenza okukhulu kangakanani-ke emva kokufika kwaKhe, kuyofaka uMoya kaMesiya eBandleni ukuba athathe isinyathelo, enze, asebenze, futhi aphile njengoMesiya na? NguMoya kaNkulunkulu.

57 Hlolani lowomoya, nibone ukuthi ngokaNkulunkulu yini noma qha. Nibone ukuthi wenza njengaYe yini. Nibone uma amadlingozi enu. . .Uma umuntu othize ekhahlela okuthize ngokumelana nawe futhi ephosa inhlabathi phezu kwempilo yakho, futhi uyazi ukuthi umsulwa sulwa, futhi uyazi ukuthi unoMoya kaNkulunkulu, ungazami ukuzehlukanisa. Ungazami ukwenza ngokubeya. Ungabathuki. Vele uhambe uqonde phambili, wazi ukuthi uNkulunkulu wakwenza lokho ukuba akunike isivivinyo ukubona ukuthi uzosithatha kanjani. Uzofanele afike kuso empeleni.

58 Njengoba ngasho ngoluny'usuku, ngikholwa ukuthi ebandleni likaMfowethu Fuller, ngomgibeli webhayisikili eCanada. Awu, bonke babecabanga ukuthi babengagibela bamedlule lomfana, isitabanyana nje. Futhi kwakunguye kuphela owayengakwazi ukugibela engazibambile izimpondo.

59 Ngiyajabula ukuthi ngithanda ukuba ngomunye wabagibeli abadala ababamba izimpondo, ngibambe macala omabili esiPhambano bese ngithi, "Angilethi lutho ezingalweni zami. Angibambelele esiPhambanweni, Nkosi, anginazihlakaniphi. Anginalutho. Angibambelele lapha nje, ngibheke ngaphandle ngaleya."

60 Futhi babeneplangwe elalingamayintshi ayishumi nambili ukugibela ibanga elingangendlu yasedolobheni, ukuba bathole ibhayisikili iSchwinn elingamadola ayikhulu. Bonke labobafana ababekwazi ukugibela ngaphandle kokubamba, behla ngedolobha futhi bathenge igrosa kamama bese bebuya ngaphandle ngisho kokuthinta isibambo, bonke baqala ukubuka. Babengakwejwayele ukubamba izimpondo, futhi bawa. Kodwa lomfana omdadlana wagibela lapho wase ebamba izimpondo futhi wagibela kulo waze wayofika ekugcineni. Bambuza, bathi, "Ukwenze kanjani na?"

61 Wathi, "Nakhu lapho enenza khona iphutha lenu, bafo. Nonke ningabagibeli abangcono kunami, kodwa benibuka *lapha*," wayesethi, "kunenza nibe novalo ukubona ukuthi yini . . . Ubuzama ukuzimelela wena uqobo, wase uyawa." Wathi, "Angizange nhlobo ngibuke *lapha*, ngibhekisise ekugcineni futhi ngalokhu ngikhuthazela."

62 Yilokho esifanele sikwenze. Ningazibuki lezizinto ezincane manje, "Ngabe lona wenza *lokhu* noma lowaya wenza *lokho* na?" Bhekisisani isigcino futhi nilokhu nikhuthazela. UKristu uyeza. Bhekisisani isigcino, yibani nilokhu nikhuthazela nje. Ningaqapheli ukuthi kwenzekani manje. Bhekisisani ukuthi ukuthi yini ezoqhubeka ngaleya esikhathini sokugcina, lapho esizodingeka khona ukuthi sime futhi—futhi silande ngezimpilo zethu.

63 UDavide wayengambhekisisile lowomBenjamini omdadlana emthela ngenhlabathi, wayekhubazekile empeleni. Akazange amqaphele. Akavumelanga ngisho umlindi wakhe ukuba amnqume ikhanda lakhe, wathi, "Myekeni, uNkulunkulu umtshele ukuba enze lokho. UNkulunkulu umtshele ukuba angithuke, myekeni." Ngokuba uDavide wayazi ukuthi ngoluny'usuku wayebuyela embusweni. LowomBenjamini wayezoba nesikhathi sakhe.

64 Yebo, yilokho-ke. IBandla liyovuka ngokunqoba. Ngathunyelwa nje ukukhulekela abantwana baKhe abagulayo, empeleni. Yilokho kuphela engingakwenza. Noma ngabe bakuphi nokuthi babandla lini, akungenzi mehluko. Ngizama

ukukhulekela abantwana baKhe abagulayo, ngizama ukubonakalisa isiphiwo sodumo lwaKhe. Yingalesosizathi ngingazange ngibe ngowanoma yini.

65 Manje, khumbulani, lokho kulungile. Niyabo, angi— angisho khona lokho manje. Ngifuna ningithole kahle ukuthi ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu unamaKristu kuwo onke amabandla, abantwana baKhe. Akakaze angibuze ngalokho. Nje ngathunyelwa ukukhulekela abantwana, nokwenza lezizinto, nokuMbonakalisa.

66 Manje, niyabo, uJesu nalabobaprofethi, konke abakhuluma ngakho kwadingeka kube yiqiniso, ngokuba kwakungamandla kaNkulunkulu kubo, uNkulunkulu uqobo lwaKhe ekhuluma ngabo ngaYe uqobo lwaKhe eza eNkazimulweni yaKhe uqobo.

67 "Ubani uMongameli na? Kuzoba ubani, kuzoba ubani na? Ngabe sizoba nemvula eyenele ngalonyaka na?" Lokho akuthi shu. Into ezoya odumweni lukaNkulunkulu, into ezobeka iBandla ngokwenqubo, into yamandla kaNkulunkulu; hhayi ukuba uzenzele wena igama, kodwa ukwenza udumo lukaNkulunkulu lubonakaliswe.

68 Manje siyaqaphela ukuthi bonke labobaprofethi nakho konke abakusho ngaYe, konke kuba yiqiniso ngoba Wayeyindikimba yeTestamente eLidala. UJesu, uMesiya, uMesiya ozayo, wayeyilokho bonke abaprofethi ababekubheke kusukela—kusukela ku Adamu kuya ku Malaki. Bonke abaprofethi bakhuluma ngokufika kweNkosi. Ngamunye wafaka ingxenye yakhe ngoba wayegcotshwe nguNkulunkulu. Yilokho kuphela ayengakhuluma ngakho.

69 Manje, sifisa sengathi ngabe besinesikhathi esiningi kukho. Kodwa, bhekisisani, yonke into abayisho iyafezeka. Bukani lapha, asithathe nje ezinye zezinto abaprofethi abazisho.

70 "Intombi iyokhulelwa futhi izale umntwana." Ngabe kwenzeka na? Impela. "IGama laKhe liyakuthiwa uEmanuweli, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade." Yilokho Ayeyikho, impela, u "Yise ongunaphakade." Akukho-muntu oyakubizwa ngo "Baba," kulomhlaba, kodwa uNkulunkulu unguYihlo.

71 Kulungile, manje asibone futhi. "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; umvimbo wokuthula kwethu uphezu kwayo, ngemivimbo yayo siphilisiwe thina." Ihholo likaPilatu lokwahlulela, ngenkathi yena lowomuntu impela, umhlane wakhe ubhoboziwe kanjalo ngesiswebhu sekati elinemisila eyisishiyagalolunye, abaqondanga ukuthi imiBhalo yathi kuyokwenzeka ngaleyondlela. Babengenakho ukuhlolwa komoya, labobapristi abathi "Susa, Susa."

72 Futhi esiphambanweni ngenkathi bekloloda, nezinto ezinjalo, ngenkathi bezwa ngaYe ekhala "Nkulunkulu waMi, UNgisheyeleni na?" Babengenakho ukuhlola. Niyabo, abakwazanga ukuhlola uMoya. Yilokho uDavide ayekhuluma ngakho eHubweni 22, bakloloda bengazi ukuthi babekwenza. Kuyafana njengoba kwenza umBenjamini kuDavide. Niyabo, wayecabanga ukuthi uDavide wayenephutha ngakho konke ngoba akavumelananga naye emigomnweni yakhe yokuphatha umbuso wakhe. Wayengaqondi ukuthi kwakunguMoya kaNkulunkulu kuDavide ukwenza.

73 Yilapho esifanele sihlole khona, namhlanje, umoya womuntu. Uzama ukwenzani na? Ufinyelelaphi na? Hhayi ukuthi qembu lini asonta kulo, noma yini *le*, *lokho*, noma *okunye*, noma ngabe ungumlungu, ungumuntu omnyama, ungumuntu ophuzi, kumbe noma ngabe uyini. Ake sibone ukuthi uzama ukuzuzani, futhi sithathe lokho, sibone ukuthi uzama ukuwenzelani uMbuso kaNkulunkulu. Unemibono exakile kweyethu, lokho kulunge ngokuphelele uma ezama ukuzuzela uMbuso kaNkulunkulu okuthize. Hlolani lokho kuye. Uma esephutheni, futhi eqinisile enhliziyweni, uNkulunkulu uyomletha ngaseQinisweni lento emva kwesikhashana. Myekeni, myekeni, nibone ukuthi uzama ukwenzani.

74 Manje siyabona lapha, manje-ke siyathola ukuthi ekufeni kwaKhe—kwaKhe, ngenkathi Efa esiphambanweni, futhi ekhala zonke izinto abaprofethi abazikhuluma ngaYe, "Babhoboza izandla zaMi nezinyawo zaMi." Kwagcwaliseka lapho. Abaprofethi wayeqinisile. Babecabanga ukuthi kwakuyibo uqobo noma bekhala sengathi kwakuyibo uqobo, kodwa kwabonakaliswa esiphambanweni.

75 "Ya—Yabalwa kanye nezelelesi." Yilokho enziwa khona. Yayinezelelesi. "Ekufeni kwaYo Yenza ukumbelwa kwayo nezicebi." Yakwenza, Yambelwa ethuneni lesicebi. "Angiyikushiya umphefumulo waKhe . . . Akayikushiya umphefumulo wami," kwasho uDavide, uMoya kaNkulunkulu kuDavide ukhuluma kakhulu. "Akayikushiya umphefumulo wami ehayidese, futhi Akayikuvuma ukuba Ongcwele waKhe abone ukubola," kube sengathi uDavide wayezoba Ngongcwele. Kwakungesuye uDavide, kwakunguMoya kaNkulunkulu kuDavide umemeza. Niyabo, uMoya kaNkulunkulu kumuntu umemeza.

Abanye babo bathi, "Lalelani lowomzenzisi omdala phezulu lapho."

76 Wayengesuye, kwakunguMoya kaNkulunkulu kuye umemeza. Niyabo, uMoya kaNkulunkulu uyazibonakalisa, "Angashiyi umphefumulo waKhe ehayidese, futhi Akayikuvuma ukuba Ongcwele wami abone ukubola."

77 Manje, bazalwane, sengivala, mangisho lokhu, isikhathi sethu siyabaleka. Kodwa, bukani, mangisho lokhu sengivala, ngalemiBhalo lapha. Ake sibone. Uma umuntu, ukuthi yonke indikimba yeTestamente eLidala yayimayelana naYe, bonke abaprofethi abangcwele ababegcotshwe ngoMoya kaNkulunkulu, uma konke lokho nakho konke abakusho kwagcwaliseka ncamashi impela kuYe, impela lowoMuntu omkhulu owayethiwa yiNdodana kaNkulunkulu ubefanele azi ukuthi limiswa kanjani iBandla leTestamente eLisha. Anikukholwa lokho na? Ubefanele abe nawo umqondo wokwazi ukuthi limiswa kanjani iBandla leTestamente eLisha.

78 Into yokuqala engifuna niyinake, ngapha kuMathewu, isahluko 16, ukuthi uma E—Ekhuluma-ke, uma Ehla futhi wayekhuluma nabafundi. Wathi, "Umuntu usho ukuthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

79 Base bethi, "Abanye bathi Ungu 'Eliyase,' nabanye bathi Ungu 'S'bani-bani,' nabanye bathi Ungu 'S'bani-bani,' futhi kanjalo, abehlukeneyo."

Wathi, "Kodwa *nina*-ke nithi Ngingubani na?"

80 UPetru wayesethi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

81 Wathi, "Ubusisiwe wena-Simoni, ndodana kaJona, ngokuba inyama negazi alikwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi—futhi Ngithi kuwe wena unguSimoni, noma uPetru, futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." Manje, lapho sikhuluma ngeBandla. Manje bhekisisani, futhi, uma nginephutha, uNkulunkulu angithethelele nani ningithethelele.

82 Manje, i—ibandla eliKatolika lithi "Lelo kwakuyitshe lihlezi lapho, u*Petru*, futhi phezu kukaPetru Wakha iBandla." Manje, siyazi ukuthi yiphutha lelo. Thina maProtestane siyaphikisana nakho.

83 Kodwa thina maProtestane sathi, "Kwaku *Nguye uqobo* Akhela iBandla phezu kwakhe, Yena uqobo." Kodwa, uma nizoqaphela, ngifuna ukuphikisana nalokho, ngobungani. Kwakungesikho lokho.

84 Kwakuphezu kwe *sambulo* sokomoya saKhe uqobo. Niyabo? "Inyama negazi . . . " Awuzange ukufunde lokhu ekholiji, emahle enjalo. Awuzange ukufunde lokhu ngesinye isivumukholo sebandla, sisihle sinjalo. Kulungile, kodwa inyama negazi akukwambulelanga lokhu. Akusiwo umqondo wenhlakanipho wokuthi ungayenza kanjani inkulumo yakho, ukuthi ufanele ukhothame kanjani wena, kanjani noma yinto enkulu kangakanani ofanele uyenze lapha emhlabeni. Lokho akusikho. Akusikho ukwakha into enkulu noma wenze into enkulu.

Okuyikho yisambulo seZwi likaNkulunkulu. WayeyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Waye . . . leso kwakuyisambulo seZwi likaNkulunkulu.

85 UMoya kuPetru wembula ngesambulo sokomoya ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu ebonakalisiweyo. UNkulunkulu weNkazimulo ebonakalisa inkazimulo kaNkulunkulu. "Phezu kwalelidwala (isambulo sokomoya seZwi) Ngiyakulakha iBandla laMi." Ngani na? Uma labobaprofethi wayephansi kukaNkulunkulu, bekhuluma ngoMoya oNgcwele ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, uMoya ofanayo ngakulolulhlangothi wembula emuva ngqo into efanayo. Niyakubona na?

86 "Inyama negazi," ungeke wakufunda ekholiji. Ufunda okwakho . . . uthola iD.D. yakho nePh.D. yakho ne L.D., noma . . . Lezo kulungile, ngifisa sengathi nganginaso. Silungile, kodwa noma kunjalo akusiLo. Awudingi ukuba ube naso, nokho kuhle ukuba naso. Ungaba yiLokhu, kuhlanganiswe; kodwa uma uzohlikihla isihlanganiso, thatha Lokhu. *Lokhu* yiLokho. Uma lokhu kungesikho Lokho, mangibe naLokhu empeleni. Ngifuna Lokhu! Lokhu!

87 "Inyama negazi akukwambulelanga lokhu." Awuzange ukufunde ngolayini wezemfundo. Awuzange ukufunde ngolayini wehlelo. Akahle, imfundo, ihlelo likahle. Leyo yingxenye yalo. Kodwa abantu babeka okuningi kakhulu kulokho futhi bashiya ukwahlukanisa kokomoya. Niyabo?

88 "Inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele lokhu. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese angeLehlule." "Awasoze akwazi ukuLahlula," kwakukhombisa ukuthi bayomelana naLo.

89 Manje bhekisisani futhi nibone ukuthi kukuphi lapho amasango ehayidese limelene khona. Alimelene namahlelo. Uhulumeni uyakuqonda lokho. Akusilo. Izwe liyawaqonda amahlelo ethu, onke. Sinelungelo, sonke thina zakhamizi zaseMelika, sinamalungelo ehlelo, okuhle, siyakuthokozela lokho. Kodwa lokho akusikho amasango ehayidese amelene nakho. Limelene nesambulo sokomoya sikaKristu elapha manje, onguye izolo, namuhla, naphakade. Limelene nalokho-ke. "Amasango ehayidese ayomelana naLo, kodwa alisoze lanqoba."

90 Nakho lapho okhona, ukuhlola ngokomoya. Kungakhathaleki ukuthi ngubani, ngumfowethu inqobo nje uma ezama ukuzuza inhloso efanayo engiyisebenzelayo. Noma ngabe ngumprofethi, noma ngabe umelusi, noma ngabe yidikoni, noma ngabe us'bani-bani, noma ngabe uNkulunkulu umhlonipha nga

*le* ndlela, *leyo* ndlela, noma ngabe kuyini, angangihloniphi, noma ngabe ufuna ukwenzani, kodwa nokho ungumfowethu. Sisebenzela into efanayo. Sithumela eyethu—eyethu . . . yonke imisebenzi yethu eMbusweni ofanayo ngaleya. Usebenzela into efanayo engiyiyo. Ukuhlola ngokukamoya, isambulo sokomoya sikaNkulunkulu. Bukani lapha, uma nifuna . . .

91 UJesu . . . ngashumayela ngobunye ubusuku, mhlawumbe ezansi lapha, "KwakuNgenjalo EkuQaleni." Sifanele sibuyele ekuqaleni ukuba sithole indikimba yethu manje okwesikhashana nje. Ekuqaleni kwakukhona uKayini, isihlakaniphi, wakha ibandla elihle (sizosho njalo), wenza ialtare elihle, wanikela ngomhlatshelo, wakhuleka, eqotho, wabonga, wathela okweshumi kwakhe, yonke into ngokwenkolo impela nje njengoba uAbela wayenjalo.

92 Kodwa uAbela, (kwakungekho-Bhayibheli ngalezozinsuku), kodwa ngesambulo sokoMoya wabona ukuthi kwakungesizo izithelo zasensimini ezasibangela ukuba sone, kwakungesiwo ama apula abawadlayo. Niyabo, kwakungesiwo ama apula, yisambula esamtshela lokho. Futhi kwakungesizo izithelo ezambangela ukuba aphume lapho. Kwakungukuphila, ukwehlukana kokuphila; ngakho wahamba walanda iwundlu futhi wanikela ngalo esikhundleni sakhe ngokukholwa, okuyisambulo sokomoya. Amen! Isambulo sikaNkulunkulu, isambulo sokomoya esembulwa kuye. Akusiso isithelo, akusiwo ama apula, akusiwo amapentshisi, amaplamu namaphezi. Kwakungukwehlukana kokuphila, ngakho wahamba wase elanda ukuphila wase enikela ngakho esikhundleni sesithelo.

93 Izithelo yilokho okudlayo, imisebenzi yakho iyizandla zakho. Okwenzayo lapho, "Ngizohamba ngiyokwakha *lokhu*. Ngizohamba ngiyokwenza *lokhu*. Ngizokweseka *lokho*." Lokho kuhle. Wayene altare ngokufanayo nje njengoba kwenza omunye. Bobabili babenama altare. Lokho kwakukuhle.

94 Kodwa kwakuyiqiniso elembuliwe lokomoya, ngokuba uMoya kaNkulunkulu walembula, "Futhi phezu kwalelidwala, idwala uKristu afela kulo, iDwala leminyaka, phezu kwedwala iwundlu lika-Abela elafela kulo." Lowo Abela omncane lapho ebeka izandla zakhe phezu kwalelowundlu elincane, novolo walo omncane omhlophe ubhukudiswa lapho ethatha i—idwala, babengenawo umkhonto ilensi ngalowomuhla, wase enquma intamo yalo encane kanjalo futhi walishaya sengathi kungesando. Nento-ndini encane ifa, igazi libhukudisa izandla zakhe, novolo walo omncane wonke ubhukude egazini, lizikhalela futhi likhala.

95 Lalikhuluma ngani na? IWundlu likaNkulunkulu, eminyakeni eyizinkulungwane ezine kamuva, ngokomoya kwembula ibandla liMala. Nabantu baMbiza ngo "Belzabube" no "develi," ngoba bonke abaprofethi babekhulume

kwezwakala. Babaphika abaprofethi. O, Wathi, “Nakha amathuna abo, futhi nabafaka lapho. Nina zindonga ezicakiweyo,” Washo kubo. Bengenakho ukuhlola ngokomoya, bengazi ukuthi lelo kwakuyiWundlu likaNkulunkulu. Ukuthi wayefanele ukuba ngaleyondlela futhi enze ngaleyondlela, ngoba wayegcwalisa iZwi likaNkulunkulu.

96 NeBandla likaMoya oNgcwele namhlanje, benza ngendlela abenza ngayo, benza izinto abazenzayo, bagcwalisa iZwi likaNkulunkulu. Haleluya! Niyabo, uPetru wathi, ngosuku lwePentekoste, “Lokhu yilokho.” Futhi wathi, “Singesenu nesabantwana benu, nabo bonke abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.”

97 Labobaprofethi abaphefumulelwe abafanayo bathi ukuKhanya kokuhlwa kuyokhanya, kuyobakhona imvula yakuqala neyamuva, ndawonye njengasezinsukwini zomusa. Bukani lapha. Kuyini na? Izimvula zakuqala ziza, nemvula yamuva isidlulelwe yisikhathi. Manje-ke isize yelakanyana, futhi isindawonye, imvula yakuqala neyamuva isindawonye, uMoya oNgcwele ubonakaliswe ngamandla nokuvuka kukaJesu Kristu. Nakho lapho okhona, ihlangana ndawonye, eyokuqala . . . Umusa kaNkulunkulu! Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa.” Umusa waKhe wawungukubekezela. Nakhu namhlanje, ukubekezela, sekulakanyene. Kuhlanganisa ifu elivela ezinsukwini zakudala nefu elivela kulolusuku, ndawonye. Imvula yakuqala ihambe yangena kuqala, imvula yokuqala ebesinayo, manje nakhu kufika imvula yamuva iwela, imvula yokuqala iwelela emvuleni yamuva, impumalanga nentshonalanga kuhlangana ndawonye. Zombili izimvula zina kanyekanye, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuhlangene neNgelosi kaNkulunkulu yembula izimfihlo zezinhliziyo futhi yenza yonke into ifezeke. O, kubukeka sengathi abantwana bakaNkulunkulu abazelwe ngokweqiniso bebengakubona lokho. Nakho lapho okhona, uMoya wembula isambulo. Yilokho uJesu athi iBandla lalizokwakhelwa phezu kwakho.

98 Awu, manje-ke omunye umuntu ubengasukuma bese ethi, “Awu, impela thina boS’bani-bani, sakhelwe phezu kwaLokho.”

99 Asithathe iZwi laKhe sithi ukuqhubeka kancane. Umyalo wokugcina eBandleni laKhe, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke futhi nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo.” Ezweni lonke. Kuzoba yisikhathi esingakanani na? Ezweni lonke. Kwabangaki na? Konke okudaliweyo. “Okholwayo abhaphathizwe,” hhayi ibandla, “o” yisabizwana somuntu. “Okholwayo,” umuntu ngamunye.

100 Njengoba uDavid DuPlessis asho mayelana nabazukulu, abekho abazukulu eMbusweni kaNkulunkulu, ngabantwana! Uyihlo wayeyiPentecostal futhi uza lapha nje kulelibandla

ngoba ukhonza lapha ku—ku Eleventh noGarfield, wemukela uMoya oNgcwele, wangeniswa nje njengomzukulu, unephutha! UNkulunkulu uzofanele azembule Yena uqobo kuwe.

101 Futhi akukho-muntu ongabiza uJesu Kristu ngomqondo wenhlakanipho. Akukho-muntu ongabiza uJesu Kristu ngoba ezizwela ukuzisola ngezono zakhe bese eyaphenduka. Akukho-muntu ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela nga . . . lesosambulo sikaMoya oNgcwele saziswa kuye. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango ehayidese awasoze aLehlula." Naso isambulo. Naso, lapho Akhele iBandla laKhe.

102 Ubani owakwenzayo, uPetru na? Qhabo, qhabo, qhabo. Kwenziwa ngubani na? UKristu wathi, "Isambulo sikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele uzosiletha kuwe. Kuseyisikhashana futhi Ngizonishiya, kodwa Ngizokhuleka kuBaba futhi Uzonithumela uMduduzi, ozonikhumbuza lezizinto." Kunjalo na? Akwenzayo kulokhu ukusa. Futhi uzokwenzani? "Anikhombise okuzayo." UMoya oNgcwele eBandleni ngezinsuku zokugcina.

Manje wena uthi, "Mfowethu, haleluya, lelo yibandla lami."

103 Awulinde umzuzu! UJesu wathi, "Lokhu wonke umuntu uyakukwazi ukuthi ningabafundi baMi," kuJohane oNgc. 13:35, "Lokhu wonke umuntu uyakukwazi ukuthi ningabafundi bami, uma nithandana." IQiniso elembulwe nguMoya loMbuso kaNkulunkulu ukuba ufike, sibheke ngaphandle kuze kuyofika ekupheleni, ngaleya sibona lokho abaprofethi ababememeza ngakho, sibone lokho uJesu akhuluma ngakho, futhi lapha uMoya oNgcwele kuwe ubuya umemeza ngqo, "Kunjalo! Kunjalo!" Kuyini na? YiQiniso elembulwe ngokomoya. Ngiyamthanda umfowethu kungakhathaleki ukuthi bayaya esontweni, noma bangabe bangabokuqala noma abamuva, noma akukho-mvula nhlobo, inqobo nje uma beseMzimbeni kaKristu, bezama ukuzuza. Ungenzeli yona inhloso uku—ukuba uzibonakalise wena emhlabeni, kodwa inhloso yoMbuso kaNkulunkulu nenkazimulo yokuFika kwaKhe, ukwembula nokwazisa ukuBonakala kwaKhe kwamasinyane.

104 Manje, sengivala, sifuna ukucabanga ngalokhu. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi," kuyikho. Manje-ke siyathola, ngale kuJohane 14:7, Washo lokhu, "Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza. Imisebenzi eNgiyenzayo." Nhloboni yemisebenzi Ayenzayo ukuba Azazise na? Niyakhumbula ngoPetru, anikhumbuli na? Ebesikhuluma ngakho, uFiliphu, owesifazane emthonjeni. Ekubikezela ukuba angayi kwabeZizwe, kodwa kube sezinsukwini zokugcina, njengoba Athi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Kukhona isambulo esilotshwe ezimfihlakalweni kanje, ezweni

elingaphandle, ezweni elingazi lutho ngaLo. Kodwa nina bazalwane abaligugu, nina bodadewethu abaligugu, anisibo abantwana bobumnyama, anisibo abantwana bobusuku, kodwa ningabantwana bokuKhanya, nihamba ekuKhanyeni njengoba EsekuKhanyeni, khona-ke sinenhlanganyelo omunye nomunye, lapho iGazi likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, lisihlanza ezonweni zethu zonke kithi sonke. Nakho lapho okhona, izinceku zeNkosi.

105 UJesu. . . Njengoba ngicaphuna umBhalo wami ngapha, nginoMarku 16, yebo, uMarku 16, Wathi, "Hambani niye ezweni lonke." Nantu uhlobo lweBandla Alimisayo. Umyalo wokugcina eBandleni, "Hambani niye ezweni lonke, ukuba nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa. Ongakholwa uyakulahlwa." Manje bukani lapha, bukani kulokhu ukwahlukaniswa kokukamoya. . . "Okholwayo abhaphathizwe." Akazange neze ngempela asho ukuthi ngayiphi indlela, kodwa sifuna ukuqophisana ngalokho, niyabo, enye into. Niyabo, "Okholwayo abhaphathizwe uyakusindiswa." Noma yikuphi afuna ukubhaphathizwa khona, lokho kukuye. Uma inzuzo yakhe kungeyoMbuso kaNkulunkulu, woza, mfowethu. Simasha siya phambili noMoya ofanayo. Uma ngisephutheni, khona-ke nizosho, kuzophuma ngaleyondlela. Futhi uma nisephutheni, kuyoba yilokho. Kodwa izinhliziyo zethu nezinjongo zethu nezimpokophelo zethu kungokoMbuso kaNkulunkulu ngaleya. Singaleya, sikhomba eKalvari.

106 Mina nemibono yami, ngani, ngine. . . anginamfowethu othanda uphaya wamasheri njengoba ngenza, kodwa singumfowethu. Niyabo? Akukho namunye othanda ukuzingela nokudoba njengoba ngenza mina, kodwa singabafowethu. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Nginemibono engeyami, kodwa lokho akumenzi angabi ngumfowethu, ubaba wakhe ungubaba wami, umndeni wakubo ungumndeni wakithi. Nakho lapho okhona.

107 Okhokho bonke behlukene omunye komunye, kodwa kwakukhona ubaba oyedwa futhi kufanele kusebenze entweni eyodwa, kodwa benqaba omkhulu phakathi lapho ngoba wayengowomoya. AniKuboni, bazalwane na? Aniboni ukuthi ngikhuluma ngani na?

108 Manje qaphelani, futhi si ake ngi. . . sengivala, "Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe uyosindiswa. U. . ." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bayakukhuluma ngezilimi ezintsha." Kuyini na? Isambulo sokomoya. Niyabo? "Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka noma bephuza okubulalayo, akuyikubalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu

kwabagulayo, bayakusinda." Yilokho iBandla eLisha elaliyikho. Yilolohlobo lweBandla uJesu Kristu, Lo omkhulu bonke abaprofethi abamemeza kakhulu ngokuthi wayezokwenza. Sithola uMoya waKhe uza ngapha futhi ubikezela ukuthi uMoya waKhe kubantu wawuzobuya ngqo futhi wenze izinto Azenzayo.

109 Mangivale ngokusho lokhu. Cishe nginelinye futhi idazini lemiBhalo lapha, kodwa asinaso isikhathi. Niyabo? Kodwa lalelani lokhu. Mangivale ngokusho lokhu. Wonke umprofethi weqiniso ozelwe ngokusha weNkosi, umshumayeli, uthisha kaSonto sikole, umboni, umphostoli, isithunywa senkolo, kumbe noma angaba yini, yonke inhliziyo yakhe ihlelwe kahle, futhi ugcwaliswe kakhulu nguMoya kaNkulunkulu, ugcotshwe kakhulu. Noma ngabe isikhundla sakhe siyini, noma ngabe kungaba yini, ukushumayela, noma ukufundisa, noma ukuvangela, noma ukubona imibono, noma ngabe kuyini, uyokwenzela uMbuso kaNkulunkulu. NoMoya kaNkulunkulu uyokhuluma uphendule ngqo ngomuntu futhi ubonakalise ukuthi nguMbuso kaNkulunkulu.

110 Manje-ke si. . .Mina njengomBaptisti, ngiyanibona maPentecostal, ningumfowethu. Anisibo abebandla lamaBaptisti, ngangingowalo. Yilelobandla kuphela engake ngaba kulo, kwakuyibandla lamaBaptisti. Kodwa lokho akumi endleleni yami, ngiyabona ukuthi uMoya kaNkulunkulu uyini nani. Ngiyabona ukuthi nizama ukwenzani. Awu, uma mina, umBaptisti, ngingezwa ngaleyondlela, impela ama-Assemblies, iChurch of God, iUnited Pentecostal, iIndipendents, nathi sonke thina bafowethu sindawonye besifanele sibone ukuthi sizama ukusebenzela inhloso eyodwa. Asibe nokwehlukanisa kokomoya.

111 Manje lalelani. Sengivala, ngizokwenza lokhu ukuphawula kokugcina. Abaningi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, nabaningi balele, bafe ngokomoya, ngoba abanakho ukwehlukaniswa koMzimba kaKristu. Lomzimba ogulayo esinawo! UNkulunkulu akasisize sibe nokwehlukanisa kokomoya kwalesosambulo soMbuso kaNkulunkulu nokothando lukaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu, olusabalalaliswe nguMoya oNgcwele, ukuzama ukuba selule izingalo zethu, sithi, "Singabazalwane." Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Futhi zonke iziphiwo ezincane eninazo, ningasisebenzisi ukuba nizame ukuba nisenze sibe yinto ethize enkulu engeyethu uqobo, asisenzele uMbuso kaNkulunkulu, ukuba sisebenze nomuntu wonke, ukuzama ukuphakamisa umgomo kaJesu Kristu, ngokuba ukuFika kwaKhe sekuseduze. Niyakukholwa na?

112 Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside kangaka. UMfowethu David uzoba lapha kusasa ukuba anifundise imiBhalo, kodwa khona manje asikhothamise amakhanda ethu

isikhashana nje. [Umfowethu ukhuluma ngolunye ulimi. Udade unikeza incazo—Umhl.]

Phambili, mabutho angamaKristu!
Nimasha njengokuya empini,
Nesiphambano sikaJesu
Sihamba ngaphambili;
Asehlukene,
Sonke simzimba munye;
Simunye ethembeni nasemfundisweni,
Simunye othandweni.

Phambili, mabutho angamaKristu! (uyakholwa ukuthi uyilo na? phakamisa isandla sakho)
Nimasha njengokuya empini, (nani na?)
Ne . . . (injongo yethu) uJesu
Ehamba ngaphambili.

UNkulunkulu anibusise. Umelusi wenu.

